## UMNYANGO WEZABASEBENZI

## UMTHETHO WEZOBUDLELWANO KWEZABASEBENZI, 1995

## ISIMEMO SOKULETHWA KWEZIKHALO

**ISAZISO NGOKWESIGABA 32(2) SIFUNDWA NESIGABA 32(5)(c) SOMTHETHO WOBUDLELWANO KWEZABASEBENZI KA 1995: ISIVUMELWANO SOKUXAZULULWA KWEZIMPIKISWANO SOMKHANDLU WOKUXOXISANA PHAKATHI KWABAQASHI NABASEBENZI EMBONINI YENSIMBI NOBUNJINIYELA**

1 Mina, **MILDRED NELISIWE OLIPHANT**, uNgqongqoshe WezabaSebenzi, lapha ngokwesigaba 32(2) sifundwa nesigaba 32(5)(c) soMthetho Wezobudlelwano Kwezabasebenzi, ka 1995, ngikhipha isaziso ngokwezihlinzeko zesigatshana 32(5)(c) sokumema izikhalo zomphakathi mayelana nesicelo somKhandlu Wokuxoxisana Phakathi Kwabaqashi Nabasebenzi Embonini Yensimbi Nobunjiniyela sokwelula isiVumelwano Sokuxazululwa Kwezimpikiswano selulelwa kulabo abangeyona ingxenye yaso esalethwa eMnyangweni Wezabasebenzi mhlaka **15 kuZibandlela 2015.**

2 Izikhalo kumele zifike eMnyangweni Wezabasebenzi zingakapheli izinsuku ezingu 21 kusukela osukwini lokukhiswa kwalesiSaziso.

3 Ikhophi yalesisicelo ingahlolwa noma itholakale ku c/o Department of Labour, Laboria House, 215 Francis Baard Street, PRETORIA

4 Izikhalo kanye/noma imbuzo mayelana namakhopi alesisicelo kumele zilethwe kulelikheli elilandelayo:

**Ngeposi noma ngefeksi:**

Umnyango Wezabasebenzi

Ihhovisi Lomqondisi: Wezokuxoxisana Kwabaqashi Nabasebenzi

Iqondiswe ku: Mary Ngwetjana

Postal address: Private Bag X117

PRETORIA, 0001

Fax 012 309 4156/4848

mary.ngwetjana@labour.gov.za

tabogelo.mahlangu@labour.gov.za

**Okulethwa ngezandla:**

Ihhovisi 122/133

Laboria House

215 Francis Baard Street

PRETORIA

..............................................................................

**MN OLIPHANT, MP**

**UNGQONGOSHE WEZABASEBENZI**

24/02/2016